# UMalusi neNunu yakuBhavu

Indaba nguLeo Daly
Imidwebo nguMagriet Brink



Izwi elilandelayo ngalinye ngalinye liyiqiniso – ngiyakutshela. Ngiyafunga ngiyagomela ukuthi angeke ngiqambe amanga, uma ngingaqamba amanga ngizodliswa impukane!

Udadewethu omdala, uZandi, nami sithanda ukudlala engadini usuku lonke. Sixova udaka ngezinyawo sigubhe nemigodi ejulile.

Kodwa mina ngingcono kunoZandi – ngingcono kakhulu. Ngingcolisa izandla nezinyawo zami kuphela. UZandi ungcola yonke indawo. Ugxuma angene emigodini azigingqe odakeni. Ungcolisa izinwele nezingalo zakhe. Ungcolisa nekhala lakhe imbala.



UMama uthi, “Sekuyisikhathi sokugeza, kini nobabili!”

Kodwa uZandi akafuni ukungena endlini. “Malusi,” esho kimi, “ngiyahlala la – kulo mgodi!”





Kodwa ngiyawathanda lawo magwebu ensipho yokugeza. Manje sekuyisikhathi zokukhuhla ukungcola kuphume ezinyaweni. Ngiyakhuhla, ngikhuhle ngiphinde ngikhuhle. Kwaze kwamnandi bo!

Sekungena uZandi ngaleso sikhathi. “Malusi,” kusho yena, “awuyesabi yini iNunu yakuBhavu?” “Ayikho into okuthiwa yiNunu yakuBhavu,” ngisho ngihleka.

“Yebo, ikhona,” kusho uZandi. “Ingena ngesivimbo samanzi sikabhavu, inezingalo ezintathu namehlo amane, futhi ihlale ilambile.”

Kulungile, kodwa manje ngithukile kancane. Kungenzeka ukuthi ikhona ngempela iNunu yakuBhavu.

UZandi ungibuka ngokumamatheka okukhulu, “Kulungile-ke, Malusi. Thokozela ukugeza – kodwa ungadliwa!” Uphuma egumbini lokugeza aqonde ngqo embhedeni.

“Ungesabi, Malusi,” ngiziqinisa isibindi. “Ayikho into okuthiwa iNunu yakuBhavu.”





Yenzeka indaba enkulu! Kwaqale kwaba khona umsindo osholo phansi wokuntontoloza – ofana nowamanzi ehla edreyinini. Kusenjalo sengizwa ukububula okungajwayelekile nokuvungazela okukhulu. Bese kuba khona ukuklwiklwiza nokunswininiza, bese kuba khona okuqhamukayo. Kuthi memfu okuthile kuphuma emgodini weplaki kabhavu: INUNU YAKUBHAVU!

Ngingakakwazi ukwenza lutho, iNunu yakuBhavu iphakamisele izingalo zayo ezinkulu emoyeni bese izinyakazisa emoyeni, zizungeze – zizungeze – ziphinde zizungeze futhi. Bese icwayiza ngamehlo ayo amakhulu amane, isho ngezwi elikhulu, elinomsindo wamanzi, "Awuyona le ngane engcolile. Udadewenu lowo, akunjalo? Uhlale esho izinto ezingezinhle ngami – kanti azilona iqiniso. Ayikho neyodwa iNunu yakuBhavu ethanda ukudla izingane."

"Awuthandi ukudla izingane?" Ngisho, ngizizwa ngikhululekile kakhulu.

"Nhlobo," kuhleka iNunu yakuBhavu. "Kanti neNunu yaseNdlini Yangasese ayithandi ukudla izingane. NeNunu yaseShaweni ngokunjalo. Inunu okungukuphela kwayo ethanda ukudla izingane, yiNunu yaseseMbhedeni. Kodwa ungakhathazeki, Malusi, ayizidli izingane ezihlanzekile – idla ezingcolile kuphela, ezilala zingagezile!"



Mamo! Kazi uZandi yena!

"Ungabe usachitha sikhathi," kusho iNunu yakuBhavu. "Yikha ingilazi yamanzi ugijime ngesivinini esikhulu uye egumbini lokulala likaZandi."

Ngifika khona ngesikhathi esifanele – iNunu yaseMbhedeni seyikhamise kakhulu.



Isizogwinya uZandi.

"Suka, nunu!" Kumemeza mina. Ngibhunyele udadewethu ngamanzi umzimba wonke.



Kunjalo. Ngisindise uZandi eNunwini yaseMbhedeni! Kanti yilokho engikutshela uMama uma engibuza ukuthi kungani ngithele udadewethu ngamanzi asengilazini. Angazi noma uyakukholwa yini lokhu. Kodwa igama ngalinye ngalinye liyiqiniso – ngiyakutshela. Ngiyafunga ngiyagomela ukuthi angeke ngiqambe amanga, uma ngingaqamba amanga ngizodliswa impukane!

## VEZA UBUCIKO BAKHO!

Dweba isithombe sikaZandi ebukeka engcolile futhi ethukile. Dweba inunu esabekayo emi eduze kwakhe. Dweba ibhamuza lenkulumo lenunu bese ubhala lokho ocabanga ukuthi inunu yakusho kuZandi kuyo.

# UMalusi neNunu yakuBhavu

Indaba nguLeo Daly • Imidwebo nguMagriet Brink

## Ezibonakalayo

Dweba isithombe esibonisa ukuthi ubuzobukeka kanjani uma ubudlala odakeni noZandi noMalusi.

## Ukufunda

Cabanga ngokuthi kwenzekeni odabeni bese uphendula imibuzo. Funa imininingwane odabeni ukuze ikusize.

- Ucabanga ukuthi uZandi uyakholelwa ukuthi kuneNuNu yakuBhavu?
- Ucabanga ukuthi uye wathini kuMalusi uma emthela ngamanzi asengilazini?
- Ingabe ucabanga ukuthi umama kaMalusi uye wasikholwa isizathu esimenze wamthela ngamanzi?

## Ukubhala

Zakhele imininingwane echaza iNunu yaseMbhedeni. Dweba isithombe esibonisa ukuba ibukeka kanjani, imisindo eyenzayo lapho ihlala khona, ukuze kuthi uma othile eyibona, akhumbule ngaso leso sikhathi!

## Umsebenzi wezandla

Ucabanga ukuthi ibukeka kanjani iNunu neNunu yaseNdlini Yangasese Yangasese neNunu yaseShaweni? Sebenzisa izinto ezilahliwe ezinjengamabhokisi wamaqanda, izivalo zamabhodlela, amabhokisi, amaroli wamathishu, amaroli wama-paper-towel uwahlanganise ngoglu, opende namaphepha ukwenza iNunu yaseNdlini Yangasese neNunu yaseShaweni.

## Ukusebenza

Xoxa udaba oluhlekisayo olumayelana nensipho eshelelayo nokuwasha.